


# ABAPHIKELELI

# Unjani uNkulunkulu na?


## Isahluko 1

**Sihlobo Esithandekayo,**

Lesisifundo siqondene noNkulunkulu. Uke uzibuze ukuba ngaba unjani na uNkulunkulu?

**UNkulunkulu** mukhulu futhi umangaza kangangoba ngeke sazi konke ngaye. Kepha uNkulunkulu usiphe incwadi emangazayo, esichazela ngaye. Lencwadi yiBhayibheli, iZwi likaNkulunkulu.

**IBhayibheli** lisitshela ukuthi uNkulunkulu wadala zonke izinto, wadala ilanga nenyanga, wadala izigidigidi zezinkanyezi ezisesibhakabhakeni. UNkulunkulu wadala umhlaba, wasidala nathi. Ibhayibheli lisitshela ngokunye okuningi ngoNkulunkulu.



## UNKULUNKULU ngusomandla

**Oku kusho ukuthi uNkulunkulu unawo WONKE** amandla ezulwini nasemhlabeni. Angenza noma yini! Akukho okulukhuni kuNkulunkulu. Lithi iBhayibheli, "Ngokuba akukho – lutho olungenzeke kuNkulunkulu." Luka 1:37

**UNkulunkulu Unamandla wonke.** Zonke izinkosi, nabongameli bawo wonke amazwe omhlaba abasi- lutho uma beqhathaniswa naYe. UNkulunkulu ongenza noma yini akhetha ukuyenza.

## UNKULUNKULU unguMoya

**Awuke umangale ukuthi** yini eyenza singamboni uNkulunkulu? Yingoba uNkulunkulu ungumoya, ngakho asinakho ukubona umoya. uNkulunkulu khathi emdala umuntu, wamnikeza umzimba, wamnika nomoya futhi. Umoya wethu uhlala phakathi komzimba wethu. Abanye bayawubona umzimba wakho, kodwa abawuboni umoya wakho.

**UNkulunkulu ungumoya-konke.** Akanawo umzimba onje ngowethu. Yikholokhusingamboni. Ithi imibhalo, "UNkulunkulu unguMoya; abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya nangewiniso." Johane 4:24

**Noma engabonakali UNkulunkulu,** kepha singamazi, simthande. Ukwazi uNkulunkulu kuyinto esemqoka ezweni lonke. Kungabanga ukuba sijabule ngempela. Uma singamazi uNkulunkulu, siyakumthanda, simethembe, sibuye simkhuleke.

## UNKULUNKULU uyaKhazimula

**Inkazimulo kaNkulunkulu ikhanya** kangangoba asingeke sibekezele ukuyibuka. Asikwazi ukubheka ilanga uma likhazimula kakhulu. Lizwisa amehlo ethu ubuhlungu. Uma singaibheka isikhathi eside singaba – yizimpumputhe.

**INkazimulo kaNkulunkulu idlula eyelanga.** Yingako singakwazi ukumbona. UNkulunkulu uthi "...Akukho umuntu ongangibona, aphile." Eksod. 33:20

Copyright © 2005 The Mailbox Club® International

**Uthi uMbhalo, kwakukhona indoda ebizwa uMose.** UMose wayengumngane obalulekile kuNkulunkulu. Kodwa UMose kazange ambone uNkulunkulu.



Ngolunye usuku uMose wacela ukumbona uNkulunkulu. Uthe, "Ngicela ukubona inkazimulo yakho."

**UNkulunkulu wathi kuMose,** "Awunakubona ubuso bami, ngokuba akukho – muntu ongangibona, aphile. Bheka, ngikumboze ngesandla sami, ngize ngidlule."

**UMose waya entabeni** yedwa. UNkulunkulu wamcashisa ngemuva kwedwala, maqede wadlulisa inkazimulo yakhe kuMose. UMose kambonanga uNkulunkulu, kodwa wabona kancane inkazimulo yakhe, futhi lokho kwabanga ukuthi iNkazimulo kaNkulunkulu ibe-sebusweni bukaMose, naye wakhazi mula njengelanga.

**Ngesikhathi uMose ehla** entabeni, ubuso bakhe babukhazimula lokho kwenza abantu baba nokwesaba. Yingakho uMose kanye nesixuku bathi , "Ngubani onjengawe – Jehova ... okhazimula ngobungwele ... ?" Eksodus 15:11

## UNKULUNKULU uNgcwele

**Lokhukusho ukuthi uNkulunkulu uhlanzekile,** uphele, futhi akanaso nesisodwa isono neze.

EBhayibhelini ubumnyama kwesinye isikhathi bumele isono. Lithi iZwi ngoNkulunkulu, "UNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye." 1 Johane 1:5

**UNkulunkulu ungukukhanya, nenkazimulo yonke.** UNkulunkulu umnene akaze one. UNkulunkulu uhlala esenza okuhle nokulungileyo. Akukho sono esingasondela ebukhoneni bukaNkulunkulu, lithi iBhayibheli, "Ungcwele uJehova uNkulunkulu wethu." Amahubo 99:9

**UNkulunkulu wake wakhuluma** nomprofethi okuthiwa uIsaya ngombono, Umbono yinto enjengephupho. UIsaya wabona umbono kaNkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi. Ezinhlangothini zonke zesihlalo kwakukhona izingelosi eziningi, zimbonga uNkulunkulu zithi, "Ungcwele, ungcwele, ungcwele, uJehova – Sebawoti, wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe." Isaya 6:3




**UIsaya mua ebona** lombono kaNkulunkulu, wesaba. Ngoba wawumbonisa ukuthi   uyisoni, nokuthi uNkulunkulu uNgcwele!

## UNKULUNKULU uluthando

**Lokhu kusho ukuthi uNkulunkulu uyasithanda,** futhi ufuna okungcon ngempilo zethu. Noma nje enguMbusi weZulu nomhlaba, onamandla wonke, nenkazimulo, UNkulunkulu uyasazi, futhi uyasithanda sonke. UYakwazi, futhi uyakuthanda.

Uyabuza ukuthi, "Ngingazi kanjani mina ukuba uNkulunkulu uyangithanda?" Kukhona izindlela ezimbili akukhombisa ngazo:

1. **Siyazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda ngoba IBhayibheli lisho njalo.** KwiZwi lakhe, uNkulunkulu uthi, "Ngikuthandile ngothando oluphakade..." Jeremiya 31:3
2. **Siyazi ukuthi uyasithanda uNkulunkulu ngoba unikele ngeNdodana yakhe ukuba ifele izono zethu.** lithi iBhayibheli, "...UNkulunkulu wabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela." Roma 5:8

**UYazi na ukuthi** uNkulunkulu ukuthanda ngokujulileyo umzuzu nomzuzu wokuphila kwakho? Kuyiqiniso lokhu!

Usenokucabanga ngazo zonke izinto ezimbi ozenzile. UNkulunkulu ngaba uyazazi pho?

Yebo, uNkulunkulu uyazi ngazo zonke, kodwa ukuthanda kangangoba ukwenzele indlela yokuthi izono zakho zithethelelwe. Ibhayibheli ilthi, "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa kuyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade." Johane 3:16

**Lendima ithi uNkulunkulu ukuthande kangako,** waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, iNkosi uJesu, ukuba ifele izono zakho esiphambanweni. Uma wena ukholwa yiNkosi uJesu, uyamukele njengo Msindisi wakho, uNkulunkulu ukuxolela izono zakho zonke, akwenze umntwana wakhe. Ube nokuphila okuphakade.

**Ngokuba uNkulunkulu uyakuthanda kakhulu,** naye uyathanda ukuthi umthande. Lithi iZwi, "Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho." Mathewu 22:37

**Kuyamthokozisa uNkulunkulu** uma sizikhethela ukumthanda ngenhliziyo yethu yonke. INkosi iDavide wayeyindoda kaNkulunkulu enkulu eBhayibhelini. UThi, "Ngizakuthanda mina Nkosi." Kuzomthokozisa impela uma uzikhethela ukumthanda njengo Davide emthandile. Nangu umthandazo ongakusiza:


**"Nkosi, ngizokuthanda ngenhliziyo yami yonke! Ngisize ukuba ngifunde kabanzi ngawe. Ngiyabonga ngokuthmela iNdodana yakho, iNkosi uJesu, ukuba afele izono zami esiphambanweni."**

**Sakubona!**

**Ungathanda na ukuxhumana nekilabhu lentokozo, bese ufunda kaNgcono ngoNkulunkulu? Kumele nje kuphela uphinde ufunde lesisifundo, ugcwalise ikhasi lemibuzo, Bese usithumela kithina. Ngakho uyoba lilunga le kilabhu leposi, kanye nezinkulungwane zamabhungu namatshitshi kulo lonke izwe. Siyakuphawula ikhasi lakho lemibuzo sibuye sikuthumele lona nesinye isifundo. Uma usuziqedile izifundo, siyakukuthumele isitifiketi esihle esibhalwe igama lakho!**

**Please send your Question Page back soon! We want YOU to be a member of the Mailbox Club!**

# Indima Yami yengpon



# IMIBUZO

## ABAPHIKELELI 1 – ISIFUNDO 1

IMIYALO: Khetha impendulo engcono, uA kumbe B. Iyibhale ebhokisini.

**Isibonelo: IZulu yindawo ene**

**b**
a. isono
b. engenasono

UNKULUNKULU ngusomandla

**1. IBhayibheli uma lithi uNkulunkulu nguSomandla, lisho ukuthi**

a. UNkulunkulu anamandla amaningi ezulwini nasemhlabeni.
b. UNkulunkulu unamandla wonke ezulwini nasemhlabeni.

**2. Asinakumbona uNkulunkulu ngoba**

UNKULUNKULU unguMoya

a. UnguMoya, kanjalo asiwuboni umoya.
b. Usekudeni, ngakho asingeke simbone.

**3. IBhayibheli uma lithi uNkulunkulu uNgcwele, lisho**

a. Ukuthi uNkulunkulu ulungile ngempela.
b. UNkulunkulu uhlanzekile, uphelele.

UNKULUNKULU uNgcwele

**4. Siyazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda, ngoba**

a. Abantu basho nJalo.
b. IBhayibheli lisho nJalo.

UNKULUNKULU ngusomandla

**5. Siyazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda, ngoba**

a. Wanikela ngeNdodana Yakhe ukufela izono zethu.
b. Siyazizwa ukuba kunjalo.

Bhala indima yakho
yengqondo lapha

Bhala




Igama Usuku lokuzalwa Iminyaka IBanga

Idolobha iProvensi Ikhowudi